Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2019

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-7.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

1.1 Indlela engasinda ngayo ezigebengwini. **[50]**

1.2 Ukubaluleka kwemvelo. **[50]**

1.3 Ukuba ngasamukela iseluleko sikathisha wami. **[50]**

1.4 Ubuhle nobubi bokufunda ezikoleni ezixube izinhlanga. **[50]**

1.5 Ezemidlalo ziyakuqeda yini ukuhlupheka emiphakathini? **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko .

1.6.1

[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Ngamaholidi ka-Ephreli ubuvakashele umzala wakho, wafike wahlala kamnandi.

Bhala incwadi umbonge ngokukuphatha kahle. **[30]**

2.2 **INCWADI YOKUZICHAZA (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO**

UHillary Dube oneminyaka engama-30, ohlala e-543 Doodle Road, Port Shepstone, 9725 oneziqu ze-BA, ubone isikhangisi esilandelayo esikhishwe inkampani iDalisu Medical Scheme ephephandabeni iJika yangomhla wesi-2 Meyi 2019.

DALISU MEDICAL SCHEME

ISIKHALA SOKUBA UMELULEKI

Ofisa ukufaka isicelo salo msebenzi kufanele abe nalokhu okulandelayo:

- Isitifiketi sikaMatikuletsheni neziqu ze-BA.
- Ubulili besilisa noma besifazane.
- Umazisi waseNingizimu Afrika.
- Iminyaka ephakathi kwengama-25 kuya kwengama-30.
- Ubuzwe baseNingizimu Afrika.
- Okwazi ukukhuluma ulimi lwesiNgisi nesiZulu.
- Izincwadi zokushayela ukhodi-8.
- Ofakazi abatholakalayo uma befonelwa.

Thumela isicelo sakho kuProfesa NN Ngiba (uMqondisi Wenkampani) ingakapheli inyanga kaJuni 2019.
Ikheli: 76 Repuna Avenue, Dundee, 8648.

Bhala incwadi yokuzichaza ehambisana nencwadi eyisiphelekezelo usebenzisa imininingwane kaHillary Dube. **[30]**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

2.3 **UKUBUYEKEZA**

Uthole ithuba lokuyobuka ifilimu emnandi ongasoze wayikhohlwa.

Bhala ukubuyekezwa kwale filimu. **[30]**

2.4 **INKULUMO**

Umngani wenu uthole umfundaze/ibhasari yokuyofunda enyuvesi eMelika. Njengabangani nizomenzela umcimbi wokumvalelisa. Abangani bakucele ukuba wethule inkulumo yokumvalelisa.

Bhala inkulumo ozoyethula emcimbini womngani wenu. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHANGISI**

Uvule indawo yokuzivocavoca/yokujima yomkhulu nogogo.

Bhala isikhangisi esihehayo ukuze beze kule ndawo. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Udadewenu nomndeni wakhe bazokuvakashela ngempelasonto yomhla ziyi-8 kuya kumhla we-10 kuJulayi 2019.

Bhala idayari yalezi zinsuku uveze izinto enizozenza. **[20]**

3.3 **IMIYALELO: IRESIPHI**

Buka lezi zithako ezisebhokisini elingezansi bese uzisebenzisa ukuphekela amalungu omndeni wakho ayi-5 isitshulu senyama yenkukhu.

ONGAKUSEBENZISA

Izingcezu zenyama yenkukhu, amafutha, u-anyanisi, usawoti, isobho eliyimpuphu, ugaligi, utamatisi, u-curry powder, amazambane nokunye.

Bhala iresiphi yokupheka isitshulu senyama yenkukhu. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100